

# Uxwayisa abafundela ukucwaninga

## MHLENGI SHANGASE

**I**SIKHULU esiphezulu seFirstRand Limited, uDkt Sizwe Nxasana, sesinxuse abafundi abenza imikhakha ephathelene nezimali ukuthi baqaphele inkohlakalo ngoba isifana nesihlaba esibhuqa leli lizwe.

UNxasana owaba ngomunye wabantu abamnyama ukuba ngabacwaningi bamabhuku, uthe elakuleli libhekene nenselelo yenkohlakalo.

“Inkohlakalo idla lubi kuleli, ngenye yezinto okumele ibhekwe ngelibanzi ngoba iqala ukuba yinkinga. Abantu abangathuli kodwa babhukule bangabi yizibukeli kodwa bayibike inkohlakalo ngoba idla lubi kakhulu kuhulumeni, nasezinkampanini ezizimele,” usho kanje.

Unxuse abafundi abenza iziqu ezithinta izimali ukuthi

bangangeni ogibeni lwenkohlakalo balwisane nayo.

Ukusho lokhu izolo ngesikhathi ehlonishwa ngeziqo zobudokotela emkhakheni we-Accounting yiDurban University of Technology.

UNxasana owazalelwa eNewcastle kodwa wakhulela eMlazi, uneziqo ze-Commerce zaseNyuvesi yaseFort Hare, ezeHonours kwi-Accounting Science zase-Unisa waphinde wablonishwa ngeziqo zobudokotela emkhakheni weCommerce yi-Fort Hare ngo-2004.

Ubalule isibhichongo sokufa kwabantu emayini iLonmin, eMarikana lapho kwashona khona abangu-44 kubalwa namaphoyisa wathi luselude ukhalo okumele luhanjwe kuleli ukuze kuxazululwe izinkinga.

“Isibhichongo esifuze lesi sikhombisa ngokusobala

ukuthi iseyinde indlela esazohanjwa ngaphambi kokuba elakuleli lixazulule izinkinga elibhekene nazo. Lokhu kutshengisa ngokusobala ukuthi siphila ezikhathini ezinzima,” kuqhuba uNxasana.

Unxuse abafundi abebethweswa imiyezane ukuthi bangagcini ngeziqo abazitholile kodwa baqhubekele phambili bafunde.

“Ningagcini ngeziqo enizithola manje ngoba akusho ukuthi sekuphelile kodwa kusho ukuthi kumele niqhubeke nibheke phambili. Ilanga oyoyeka ngalo ukufunda yilapho kuyophela nenqubekela phambili empilweni yakho,” usho kanje.

Ngaphambi kokuba avule inkampani yokuqala yabacwaningi mabhuku iSizwe and Company, uNxasana wayesebenza kwa-



**ISIKHULU** esiphezulu sakwa-FNB, uDkt Sizwe Nxasana, ehlonishwa ngeziqo zobudokotela kwi-Accounting ngumphathi waseDurban University of Technology, uSolwazi Ahmed Bawa, ngeqhaza lakhe kwezokucwaninga amabhuku

**Isithombe:**  
**PATRICK MTOLO**

**Unilever nase-Price WaterhouseCoopers.**

Uke wasebenzela iTelkom ngaphambi kokuba ajoyine i-FNB.

Ungomunye wabasunguli benkampani ehlonishwayo kuleli yabacwaningi mabhuku, iSizwe Ntsaluba

**Gobodo.**

UnguSihlalo weZenex Foundation, esiza ekuphuculeni iMaths, Sayensi nezilimi ezikoleni zakuleli, ubambe iqhaza esikhwameni esisiza abafundi ngemifundaze labo abafuna ukuba ngabacwaningi

mabhuku iThuthuka Bursary.

Umphathi we-DUT, uSolwazi Ahmed Bawa, uthe abafundi abebethweswa iziqu basenhlanhleni ngoba baningi abangalitholanga ithuba lokufunda ezikhungweni zemfundo ephakeme.